

AMATANKA AMANZI AVUZAYO



Nkosi, ngiyakholwa; Nkosi, ngiyakholwa,
Zonke izinto ziyenzeka; Nkosi, ngiyakholwa.

² Kasiqhubekeni simile nje okwesikhatshana futhi sikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu, siyazama ngendlela zethu zokuzehlisa, ukutshengisa kuWe, ngokuhlabela lokhu, ukuthi siyakholwa. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi khathesi, ukuthi Wena uzaqhubeka uhlephula iSinkwa sokuPhila kithi, usipha khona lokhu thina esilesidingo sakho, ngakulo lona iLizwi laKho. Ngoba sikucela khona eBizweni likaJesu. Amen.

³ Lingahlala phansi. Ngilokuqiniseka, nxa thina sifanele, nxa ngingathi lona eleneleyo ilizwi lika “ameni,” ukuthi izibusiso ezimangalisayo zikaNkulunkulu zibe lokhe zihlezi phezu kwalaba abalaleli.

⁴ Ngihlalile lokhu kusa futhi ngalalelisisa inkonzo, ngakholisa ubufakazi, indlela ehlukeyo munye ngamunye alayo yokuzitshengisa ngokwabo. Futhi lokuzwa abasanda kufika, umfowethu weBaptisti lapha obuye ukuzoxolisa ngokucabanga lokhu kabi kancane. Ngakho ngi—ngiyathakazelela sibili ubuntu, umuntu oba lobuntu obeneleyo, kumbe—kumbe indoda emnene okweneleyo, layo nxa ecabanga ukuthi wenzelwe iphutha. Yena kazange axolisa kimi khona kanye, kayisimi akade exolisa kuye, bekunguNkulunkulu. Ngakho ngi—ngiyakuthakazelela lokhu, bona. UNkulunkulu abusise umfowethu, futhi lomfowakhe umvangeli.

⁵ Minabo, lowo mBaptisti, liyazi, ngangingowebandla leBaptisti ngokwami. Ngangililunga leMissionary Baptist Church. Lapho ngisiza phakathi kwabantu, ngiyakwazi ukuthi lizwa njani. Ngezwa ngendlela efanayo, kugcwele nje enye into leyo enga—engangingayaziyo.

⁶ Ngiyakhumbula isehlakalo sami sakuqala esokubona umphentekhostali, kwakuse Dowagiac, Michigan... Ngicela lingixolele, ngangise Dowagiac ehambweni lokuyagola inhlanzi, futhi ngehla ngivela eDowagiac, ngisehlela eIndiana. Futhi ngakho ngangibonile amabizo, ka “Jesu” kuzo zonke izimota futhi lezinto, futhi ngalalela izinkonzo zabo lolo suku. Futhi ngosuku olulandelayo bangicela ukuthi ngize kuplathifomu, ukukhuluma amazwi amalutshwane, futhi ngakwenza. Futhi nga... Bangibuza ukubana ngingowaliphi ibandla, futhi ngabatshela ngangi ngumBaptisti.

⁷ Futhi lobobusuku babelendoda endala ensundu eyayizakuya tshumayela, futhi wayemele esesiyaphutsha amatshumi ayisificaminwembili, futhi weza kuplatifomu. Indoda endala, baphosa nje bamkhokhelela phandle. Yena waye, ngomunye

walabo abangabamajazi amade abafundisi, ikhola eliyivelivethi, futhi lomzindlana nje omncane wenwele ezibuboya zizingeleze eceleni. Futhi ngacabanga, “Wonke lawa amadoda lapha futhi labesayensi yezenkolo, amadoda amakhulu, ukuthi bavumela njani inkonzo inikezwa endodeni enjengalokhu? Awu, indoda endala kumele ibesesihlalweni kwenye indawo, ihlezi phansi.”

⁸ Babe kade betshumayela ngalolo suku mayelana ngalokhu uJesu akwenzayo lapha emhlabeni. Futhi, kodwa yena wathatha, wathatha udaba lwakhe, Ngiyakholwa lwaluvela kuJobe: 7, 20, ithi, kangila kuqiniseka ukuthi yiwo uMbhalo. Kungenani, lesi yiso isicutshwa, kumbe ingxenye yakho, “Wawungaphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba, lapho inkanyezi zokusa zihlabela ndawonye, futhi lamadodana kaNkulunkulu ememeza ngentokozo?” Futhi wakhuluma ngalokhu okwenzakalayo eZulwini, lapho bona babekhuluma ngalokhu okwenzakala emhlabeni.

⁹ Futhi kwenye indawo, phose emizuzwaneni emihlanu emva kokuba wayekhuluma, yena, uMoya weNkosi wamtshaya, futhi weqa khona phezulu esibuyeni futhi watshayanisa izithende zakhe ndawonye. Minabo, kwakukhona indawo enengi, kwakukhona phose ingxenye yepulatifomu; futhi yena wasuka wahamba, wathi, “Kalilayo indawo eneleyo phezulu lapha kimi ukuze ngitshumaye.”

¹⁰ Awu, phose ngangileminyaka engamatshumi amabili ubudala lapho. Ngacabanga, “Nxa—nxa lokhu kungenza lokhu kulindoda endala, kuyini okuzakwenza kimi?” Bona?

¹¹ Ngenxa yokugcina yonke into nje ihlelekile yabazalwane bethu abatsha, ukuthi siyabamukela sibili bona ebudlelwaneni bethu. Ngiyabona, ngiyakholwa bebenze isimemezelo sompristi ohlezi lapha, ngiyacabanga; ngoba, ukuba ngumIrish, abantu bami ngamaKatolika. Futhi khona bekulababili njalo, amaBaptisti labanye abahlukile. Ubungabe udidekile kancane, isikhatshana esedululileyo. Nginanzelele akula bazalwane abakhulume mayelana ngakho, kodwa ngicabange ngizakukuqondisa khona. Lapho uMfowethu Shakarian... Emva kwesikhulumi esihle lapha sesigcwaliswe ngentokozo, yokwazi ukuBuya kweNkosi sokuseduze, yena—yena wakhuluma ngolimi olungaziwayo, kithi. Futhi silaba chasisi laba abapha incazelo. Lokho, uMbhalo uthi, “Nxa kungela ochasisayo, khona-ke kabazithulele.” Kodwa nxa—nxa bekhuluma ngezindimi futhi bazichasisa zona, kuba yisiprofethi. Ngakhoke ukudideka okuncinyane kwa—kwabo bobabili sikhathi sinye. Manje, lokhu bekungadidi lakancani, bona; ngoba, omunye wabo wayesipha incazelo, omunye wabo wayeprofetha. Bona? Ngakho lokho...

¹² Ngicabange ngizenza abazalwane bethu bazwisise, nxa bengazange bazwisise, ngoba omunye wabo wayenikeza

ngokuqondileyo... Like lananzelela ukulinganiswa kwesikhathi somunye ngamunye? Futhi omunye nje wayegcwalisiwe, ngokwakhe, ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawuprofetha ngomunye; uchasisa, omunye wayenikeza incazelo. Khona-ke ukuze kucace, ukuthi wena... kasisikho... Kwesinye isikhathi, engqondweni yemvelo... Njengomfowethu oligugu lowo onikeze ukuxolisa lokhu kusa. Kuyadida kancane emuntwini ongazwisisiyo. Kodwa kulabo abaphakathi, abakudala bemi leyo thina esikiyo, ngani, siyazwisisa lokho, ukuthi izinto lezi ziyini. Ngakho nje ngicabange ukuthi ngizatsho enye into mayelana ngakho, nxa khona bekulungile.

¹³ Manje, ngi—ngiyakwazi leyi ayisiyo ndawo yokutsho lokhu. Kodwa kuyikuba yikuthi wonke umuntu ubekhuluma izinto ezincinyane, ngi...Liyazi, leyo ndoda yathi, leyo ndoda endala ensundu yathi, “Kalila ndawo eneleyo kimi ukuthi ngitshumayele.” Kalila *sikhathi* eseneleyo kimi ukuthi ngitshumayele. [Ibandla liyaqakeza—Mhl.] Kumbe eside esidonsayo.

¹⁴ Indoda yathi ngelinye ilanga, yathi, “Umtshumayeli wabuya, wayengumalusi ebandleni okweminyaka engamatshumi amabili. Futhi yena wayetshumayela izikhathi zonke imizuzu nje engamatshumi amathathu Sonto ngayinye ekuseni ebandleni lakhe.” Futhi yena wathi, “Leyi Sonto ekuseni, yena watshumayela amahola amathathu.”

¹⁵ Futhi-ke ibhodi lamadikoni lambizela phakathi, futhi lathi, “Malusi, thina siyakuthakazelela sibili.” Lathi, “Siyakwazi izikhathi zonke ukuthi—ukuthi uyalimela iBhayibhili futhi lamalungelo Alo.” Futhi khona bathi, “Futhi uyasiqondisa izikhathi zonke ukuze sizwe simsulwa phambi kukaNkulunkulu. Futhi siyakuthakazelela isibili, futhi siyakholwa uyinceku kaNkulunkulu. Futhi thina siwuthakazelela sibili lowo mbiko lokhu kusa. Kodwa,” wathi, “kukhona into eyodwa nje leyo esifuna ukukubuza ngayo.” Wathi, “Sakuhlola isikhathi, njengebhodi lamadikoni.” Bathi, “Yonke iSonto ekuseni ukanye imizuzu engamatshumi amathathu, futhi lamuhla ubengamahola amathathu.” Bathi, “Manje, khumbula, siyathakazelela konke okuncinyane kwakho. Kwakulungile.” Kusenza lindoda endala izwe kuhle, liyazi.

¹⁶ Yena wathi, “Awu, bazalwane, ngizalitshela ukubana kunjani khona.” Wathi, “Konke ukusa lapho ngisiya e... Ngibizwa kuphuluphithi,” wathi, “Ngiyabeka okunye kwalokhu okuncinyane ama Life Savers emlonyeni wami,” yena wathi, “futhi nje ngiyakumumuza.” Futhi wathi, “Lapho iLife Saver isiphelile,” wathi, “kuthatha nje imizuzu engamatshumi amathathu,” futhi wathi, “ngakho ngiyatshiya ukutshumayela.” Yena wathi, “Liyazi, lokhu kusa, ngacabanga ukuba ngedlulise isikhathi kancane. Ngakukhafulela phandle, ngangilesikopela emlonyeni wami.” [Ibandla liyahleka—Mhl.]

¹⁷ Kangiyi kufaka ulutho phakathi, ngakho sithemba kasiyikuthola izikopela ezikhwameni sethu. Kodwa thina si. . . Ngithemba lokhu kakuzwakalanga kuyi kuhlambaza lapha. Kodwa nje ngi. . . Liyazi, loba uNkulunkulu laye wayelomuzwa wokuhlekisa, uyazi.

¹⁸ Yikho siyabonga kakhulu ukuba lapha futhi sibe lesikhathi lesi sobudlelwano, futhi—futhi kanye lalelithuba elikhulu ukuhlephula iSinkwa seMpilo kanye njalo, ngendlela yami encinyane ethobileyo. Ngiyakwazi, njengezazi zesayensi yezenkolo, njengendoda leyo yakhuluma lapha ubusuku obeduleyo evela eEngland; minabo, ngiyakuzonda ukuma ngemva komuntu njengalokhu, kanye lemfundo yami eka grade seven. Kodwa ngiyathemba ukuthi uNkulunkulu uzalichasisela umutsho osenhliziyweni yami. Bona? Nxa amazwi ami engaqondanga, inhloso zami, ngi—ngithemba, zinjalo.

¹⁹ Manje kasibaleni eMbhaweni. Abanengi benu bathanda ukulandela. Futhi ngiyakuyabala lokhu kusa, okwesikhatshana nje esilutshwana, kuvela eBhukwini lika Jeremiya, umprofethi, isahluko 2, futhi ngiyakuqala khathesi ngendima 1.

Laselifika kimi *ilizwi leNKOSI, lisithi,*

Hamba futhi umemeze endlebeni zeJerusalema, usithi, Itsho kanje iNKOSI; Ngiyakukhumbula, umusa wobutsha bakho, lo thando lomlobokazi wakho, lapho ungilandela enkangala, la selizweni elingahlanyelwanga.

UIsrael wayeyibungcwele kuyo iNKOSI, futhi eyizithelo zakhe zakuqala zesivuno sayo: bonke abazidlayo baza. . . futhi bayathola icala; ububi buzakuza phezu kwabo, itsho iNKOSI.

Zwanini lina ilizwi leNKOSI, O lina ndlu kaJakhobe, lani lonke zimuli zendlu kaIsrael:

Itsho kanje iNKOSI, yibubi bani oyihlo ababuthole kimi, ukuthi bona sebeye kude lami, balandela okuyize, futhi babayize?

Abatshongo ukuthi, Ingaphi iNKOSI eyasikhupha elizweni laseGibhithe, futhi yasikhokhelela enkangala, ezweni elilugwadule lamagodi, ezweni elomileyo, lamathunzi okufa, elizweni elingahanjwanga ngumuntu, futhi. . . lapho okungahlali muntu khona?

Futhi ngaliletha elizweni elivundileye, ukuze lidle izithelo zalo lobuhle balo; kodwa lapho selingenile, lalingcolisa, ilizwe lami, futhi lenza ilifa lami isinengiso.

Futhi abapristi abatshongo ukuthi, Ingaphi iNKOSI? Futhi ababepethe umthetho babengangazi: labelusi njalo baphambuka kimi, labaprofethi baprofetha ngoBali, futhi balandela okungelasizo.

Ngakho-ke Ngiza . . . phikisana lani, itsho iNKOSI, futhi kanye labantwana babantwana benu ngizaphikisana labo.

Ngoba . . . ngale kwelizwe leChittim, futhi libone; futhi laphakathi kweKedar, futhi linakane kuhle lokho, futhi libone nxa kungaba lento enjalo.

Sesake santshintsha onkulunkulu baso isizwe na, abanga . . . sibo onkulunkulu? kodwa abantu bami bantshintshile udumo lwabo kulokhu okungelayo ngitsho inzuzo.

Mangalani, O lina mazulu, kulokhu, futhi lithuthumele kakubi, . . . lichitheke impela, itsho iNKOSI.

Ngoba abantu bami benzile izinto ezimbili ezimbi; bangitshiyile mina umthombo wamanzi aphilayo, futhi bazigebhela imithombo, imithombo evuzayo, engabambi amanzi.

²⁰ Makuthi iNkosi ingezelele izibusiso zaKhe ekubalweni kwaMazwi aKhe. Futhi ngizathanda uku—ukuthatha isihloko sentshumayelo yalokhu, nje, *AMatanka Amanzi Avuzayo*.

²¹ Lapho, ekubaleni luMbhalo lokhu kusa; kuyikuthi, yonke iMbhalo iphiwe ngokokuphefumulelwa. Futhi siza eNdlini yeNkosi ukuzoqondiswa futhi lokuzwisisa. Futhi kwesinye isikhathi lapho sibona i . . . loba yini into encinyane endleleni.

²² Njengalindoda yezebutho, isikhatshana esedluleyo, ubekhuluma kithi futhi esithi ukuthi ezinye izinto ezithile, ukuthi mhlawumbe kwelinye ilizwe bale lemisayili ethile, kumbe—kumbe enye into engabanjalo, futhi kufanele sithole enye into yokulwisa lokhu nge—ngendlela yezabebutho.

²³ Awu, into efanayo iyenzakala ebandleni, esigabeni sobufundsi lapho umuntu atshumayela khona, kumbe nxa engumvangeli enkundleni. Lapho ebona imvukela, futhi okunye nje okuqalayo, kuqhubeka, ekuqaliseni kwakho loba yini okuyikho; kungulowomuntu, nxa eyinceku kaNkulunkulu, ukuvimba leyonto ibekude kakhulu lengqondo zabantu ukuthi bazahlala kude lakho. Futhi kasifuni lokho kwenzakale, thina ukuba singene endaweni ezinjalo.

²⁴ Manje, ngesikhathi sika Jeremiya lapha, isiprofetho sakhe, kwasekube phose iminyaka engamatshumi ayisithupha kusukela ekufeni kuka—kukaIsaya—Isaya. Futhi babesebeleminyaka phose engamatshumi ayisithupha bengela umprofethi omkhulu. Kwakulo Habhakhukhi futhi labanye abaprofethi abancane babancinyane, kodwa uIsaya wayengumprofethi omkhulu wokucina. Futhi abantu babekade, ngalesisikhathi, babengela wokubabiza baphume. Babesebephambukile. Laloba, babengabantu bakaNkulunkulu, babesebephambukele kulesisimo esesibafumana beku—bekuso,

lapho uJeremiya esiza ukuzoprofetha kibo. Futhi uJeremaya laye waye. . . Yena waprofetha ngaphambi kokuthunjwa, futhi njalo yena wahamba labo ekuthunjweni.

²⁵ Njalo-ke, kusobala, uDanyeli weza ngemva kuka Jeremiya. Futhi uDanyeli wathi yena wayelokuzwisisa, ngeMibhalo, yeminyaka engamatshumi ayisikhombisa leyo ababezakuba lapho.

²⁶ Ngoba, kwakulomunye umprofethi phakathi kwabo, owayefuna ukwenza ijogwe leli, lapho elibeka entanyeni yakhe, ukuthi kuzakuba yinto encinyane, ukuthi phakathi kweminyaka emibili, awu, uNkulunkulu wayezakubaphendukisa bonke, kodwa uJeremiya wazi okwahlukileyo kulalokho. Futhi siyakwazi lokhu okwenzakalayo kumprofethi owaprofetha kubi, wafa lowo mnyaka munye. Ngakho uNkulunkulu kazange amvumele ukuma.

²⁷ Futhi manje siyananzelela izimo zabantu kulolosuku. Manje kangilifiseli ukungangizwisisi, mina—mina angi, hlosanga. . . kulokho engifuna ukukukhuluma lapha, iMibhalo ethile lamanothi.

²⁸ Ngangejwayele ukuba ngingadingi uku—uku bhala iMibhalo yami futhi lezinto phansi. Kodwa emva sengendlule amatshumi amabili lanhlanu okwesibili, awu, a—angisakhumbuli njengalokhu engangijwayele ukukwenza, ngakho ngiyabhala phansi uMibhalo futhi phose ngiyawazi, kuvela kulokhu, lapho engiyakhona. Futhi-ke isikhathi esinengi ngikhulekela abagulayo, futhi lokunjalo, futhi ngiphume njalo ngihambile, angilaso isikhathi sokutaditsha sibili njengalokhu engifanele ngikwenze.

²⁹ Manje, kodwa lumprofethi omkhulu walesi isikhathi, wayenguJeremiya, futhi wayemise okukaAmosi labanengi babanye abaprofethi abavukayo. Yena waphazamiseka lapho ebona izimo zaselizweni. Manje kwakulezindawo. . .

³⁰ Kwesinye isikhathi nxa ukhuluma mayelana ngelizwe, kucatshangwa ukuthi sikutsho ku—kuqembu elithile. Kayisikho lokho. Kodwa ngumfanekiso ogoqela ilizwe lonke. Futhi siyafumana, lamuhla, i—isimo esifanisekayo lamuhla njengoba kwakuyikho ngensuku zikaJeremiya, ukuthi isizwe ngokwaso, ndawonye, sesingenile kukho, okwedlulisileyo kumbe okungaphansi, ukukhonza izithombe; okungaba njalo, ngizakuthi, badedela kude loNkulunkulu. Futhi ngokwenza lokho, bekuyi buthakathaka bephuluphithi. Ngoba, nxa iphuluphithi ingabe yahlala iqondile, futhi kanye leLizwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu ubezakuba kulolonke ibandla njengakho Yena ehamba phakathi kwethu lapha. Kodwa sebededele kude lalokho. Futhi yiyo into leyo e—engifuna ukukhuluma mayelana ngayo lokhu kusa. Futhi manje siyafumana ukuthi lokhu kuliqiniso uqobo kuso sonke isikhathi.

³¹ Ngiyakholwa kwakunguAmosi, njengoba ke ngike ngakhomba kuye isikhatshana esedluleyo, ukuthi yena wathi yena waye “engasuye umprofethi, kumbe indodana yomprofethi.” Kodwa wathi, ukuthi, “Lapho isilwane sibhonga, ngubani ongekela ukwesaba?”

³² Futhi nxa lobangubani owake wezwa isilwane sibili sibhonga eguswini, lezi elizizwayo phakathi kwamakheji lapha nje zikhala njengomangoye. Kodwa lapho esisodwa sibhonga phakathi eguswini, yonke into iyalalela. Ngike ngalala eguswini, ngizizingela zona. Futhi siyinkosi yezilo, futhi, lapho leso silwane sibhonga, loba lezinkubabulongwe ziyathula ukubanga umsindo, yonke into iyakwenza. A—amaganyana futhi le—futhi lempisi zikhala, futhi lezinye inyamazana, futhi lokuklewuza kwendwangu lenkawu, inkubabulongwe, awuzizwa ngokwakho ucabanga; kodwa emangweni yekela isilwane sibhonge, futhi sonke isibungu sizakuma ukubanga umsindo. Bona, yonke into iyamesaba. Kanti, kulezinto ezinengi ezingambulala, kodwa yaziwa njengenkosi phakathi kwezilo.

³³ Yena wathi, “Lapho isilwane sibhonga, ngubani ongekela ukwesaba?” Yena wathi, “Ngakho uNkulunkulu usekhulumile, ngubani ongekela ukuprofetha?”

³⁴ Futhi yiso, ngiyacabanga, isimo sihlangani lalowo mumo njalo lamuhla. UNkulunkulu ukhulumile. Bona? Futhi sibona umbhalo wesandla emdulwini, ngakho kulula kakhulu ukuprofetha futhi ubone ukuthi sesisesikhathini sokucina.

³⁵ Futhi sibona uNkulunkulu, kuvela kuzo zonke izibanga zenhlanganiso zamasondo, yonke indlela kusukela kuKatolika, kudlula kuwo wonke amabandla amaprothestanti, amaBhuda futhi lani okunye, kusukela eNdiya, njalo lakho konke okunye. Yena ubiza abantu baKhe ndawonye, ebaubuthanisa bona ndawonye. Futhi ngi—ngiyathaba kakhulu ngalokhu, ukubona usuku lolu lusiza. Manje si. . . Ku—kulusuku olukhulu, elinye lamathuba amakhulu.

³⁶ Lokho, nxa ngangakwenza, nxa bengingabakwazi umhlaba ungakabikhona, lapho siyimiphefumulo ingxenyi kaNkulunkulu, lokho siyikho, ngoba sasikanye laYe ngaphambi kokudatshulwa komhlaba. Ngoba, kulesimo esisodwa seMpilo ePhakade, futhi lowo nguNkulunkulu. Futhi siyingxenyi yaKhe. Sasingakabi yilutho kangaka ukuthi sasingabakwazi futhi—futhi sicabange, futhi sibe ngumuntu; kodwa sasisemcabangweni waKhe kwalokhu esasiyikho, ngaphambi kokudatshulwa komhlaba. Ngoba, siyingxenyi yaKhe, njenge ndodana yami iyingxenyi yami, futhi ngiyinxenyi kababa wami, futhi lokunjalo. Singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili kwaKhe.

³⁷ Futhi ngemva-le, nxa bengingaba ngazile njengoba ngisazi manje, futhi ngangangakhangelanga ngaphezu kwebanga lesikhathi,

futhi Yena wayengabe wathi kimi, “Yisiphi isikhathi ofuna ukuphila kuso?” Ngangiyabe ngathi lesi isikhathi khona manje, isikhathi nje esiphambi ko—kokuphela kwembali yomhlaba, futhi lokuza koMbuso kaNkulunkulu ozakubekwa emhlabeni. Ngicabanga kuyisikhathi esilenkazimulo enkulu ukwedlula zonke izikhathi, kukhona manje.

³⁸ Siyathola ukuthi lapha uIsrael uyacalwa ngumprofethi, lapho uNkulunkulu wayemgcobile futhi emthumele phandle, bacalwa ngezono ezimbili ezinkulu. Futhi sifuna ukukhuluma ngalezo zinto ezimbili abazenzayo. Futhi, kusukela kulokho, sifuna ukuphumelela ngakho. Manje, babesukile kuNkulunkulu, uMthombo wamanzi aphilayo, futhi babe zakhele ngokwabo amatanka. Babesebetshiyile into leyo uNkulunkulu ayebanikeze yona, futhi bazigebhela enye into leyo ababezenzele yona ngokwabo. Futhi lawa matanka amanzi, liyananzelela, wayelawo, ayesebabukile futhi ayevuza.

³⁹ Manje, itanka lamanzi elivuzayo angeke libambe amanzi. Lizavuzwa. Ngakhuliswa epulazini, futhi ngiyakwazi lokhu itanka elidala eliyikho, futhi lobunzima esilabo kanye lalo.

⁴⁰ Futhi lelotanka elivuzayo li—lingumfanekiso omuhle kakhulu, ngiyacabanga, ngalolusuku, ukuthi lapho (okwethu) konke lokhu esikuzamileyo ukukwenza, ukuhlanganisa abantu ndawonye, ukuhlanganisa abantu ndawonye, ukuhlanganisa amabandla ndawonye, sokube izikhathi zonke esigabeni sokuzama kwenhlananipho. Sizamile ukwenza wonke amaMethodisti abe ngamaBaptisti, futhi ukuphendukezela, futhi lezinhlanganiso zamasonto ezehlukeneyo. Futhi lokho kwakungasilo hlelo lukaNkulunkulu, kwasekuqaleni.

⁴¹ UNkulunkulu ulendawo eyodwa kuphela yokuhlangana. Yena wathi khona lapho eBhukwini likaExodusi, ukuthi, “Ngikhethile indawo ukubeka iBizo laMi, futhi yiyo indawo kuphela leyo engizahlangana labantu.” Futhi Yena wayekhethe indawo ukubeka iBizo laKhe. Futhi lalapho Yena abeka iBizo laKhe, yikho lapho Yena ahlangani laIsrael. Yena ulendawo lapho Yena ahlangani lebandla laKhe lamuhla, futhi Yena wakhetha iBizo lelo, futhi iBizo lelo nguJesu Khristu. Futhi khonapho kulapho Yena ahlangani lekholwa leqiniso, lapho ekuJesu Khristu. Yikho lapho uNkulunkulu akhetha ukubeka iBizo laKhe.

Wena uthi, “IBizo likaNkulunkulu?”

⁴² Yena wathi, “Ngabuya eBizweni likaBaba waMi.” Ngakho yikho lapho uNkulunkulu abeka khona iBizo laKhe, kwakukuKhristu. Futhi kuKhristu kulapho sonke esingahlangani khona sonke ngaphansi kweGazi elachithekayo, futhi lapho balobudlelwano, obuqotho beqiniso.

⁴³ UNkulunkulu wenza uhlelo lwaKhe ekuqaliseni, ensimini yaseEdeni, lapho indawo Yena ayezakuhlangana lomuntu, futhi

lokhu kwakungekho ngaphezu kokuzwisisa ngomcabango; nxa kwakunjalo, uEva wayekhona kanye emzileni kanye lohlelo lwaKhe. Kodwa siyakwazi ukuthi ukwamukela kwakhe okwemicabango yengqondo kaSathani, “Sibili, uNkulunkulu kasoze,” kodwa uNkulunkulu wathi Yena uzakwenza! Futhi ngakho Yena wakhetha indawo yokuhlengwa, futhi kwakungeGazi, futhi hatshi ngengqondo yokuhlakanipha.

⁴⁴ Ngakho sitshaya umoya kuphela, kodwa nje kuyimvelo yomuntu ukuthi—ukuthi abantu bazazama u—ukwenza lokho. Nxa besilesikhathi, besizakuhlephula khona kube yizihlephu ezinengi, kodwa kangisifuni lesi sikipela. Ngakho sizakuzama ukukwenza kubelula ngakho konke okungenzeka, “amatanka amanzi avuzayo.” Futhi siyathola ukuthi ku—kwenzakele isibili njalo, kungumfanekiso sibili wesikhathi sethu esiphila kuso, kukho konke ukuzama kwethu.

⁴⁵ Futhi kungeyisikho ukukhangelela phansi kwemizamo yonke yaloba yiphi inceku kaNkulunkulu, ebiza lokubiza iBizo likaJesu Khristu. Yena ufanelwe ukuhlonitshwa ngokuqamba nje iBizo laKhe ekuzithobeni futhi lekuhlonipheni. Futhi lenhlelo ezinkulu zobuvangeli ezidabule umhlaba, futhi lokunjalo, kulezinsuku zokucina, ngicabanga, lobakunjalo asisoze senelise ukwenza abantu babenhliziyonye size sibabeke ngaphansi kweGazi likaJesu Khristu. Yiyo indawo kuphela leyo esiza kugcinakala kuyo.

⁴⁶ Omunye umuntu wangibiza kungasi kude, kuvela phezulu eMpumalanga, futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngizwa sowaphuma waya—waya eArizona, futhi wenza i—indawo khonapho lapho okulokugcinakala khona.” Futhi njengoba lisazi ukuba uMbiko ubuya njani, futhi iNkosi yangitshela lokhu okuzenzakala eAlaska, futhi lokuthi njani eCalifornia kuzakubanjani, futhi nje kubenjalo. Bathi, “Manje nxa lokho kuzamazama, futhi layonke into, ingaphi indawo yokugcinakala?”

⁴⁷ Ngathi, “Kulendawo eyodwa yokugcinakala engiyaziyo. Lapha kukuKhristu. Ngoba labo abakuKhristu, baza . . .” Yiyo kuphela eyodwa engiyaziyo.

⁴⁸ Manje uJeremiya wayebizwa, futhi, “umprofethi okhalayo.” Futhi ngenxa, ngiyakholwa, lokhu okwenza lumprofethi akhale—wakhala, bengisithi, kwakungoba yena engumprofethi (futhi iLizwi leNkosi libuya kwabanjalo) futhi sibona abantu behambisa okwemkhuba yabo, futhi bacabanga ukuthi babelungile bonke, futhi kungela ndlela ngitsho ukubaphendukisa bona.

⁴⁹ Ngoba, babesiya beqonde ekuthunjweni, ngoba siyakwazi uvuna lokhu wena okuhlanyelileyo, kungenani lokuthi ungubani, lokhu wena oyikho. Futhi thina njengelizwe sesivunile, kumbe, sahlanyela, bengitsho, futhi kufanele sivune.

Ngiyakhuluma kusasa, iNkosi iyuma, khona emini, mayelana nge*Nhlungu zokuZala*; futhi ngi—futhi ngiya kubamba lokhu phakathi lapho, ukuthi angeke siphunyuke nxa sonile. Kufanele sivune lokho esikuhlanyelayo.

⁵⁰ Futhi nxa uNkulunkulu ezasivumela ukuphunyuka kanye lokuphendukezelwa kwesiKhristu lamuhla, futhi siphendukezele abantu ezintweni lezi ezibizwa ngokuthi isiKhristu, njengo Mfowethu Moore wake watsho, “Yena uzakuba ngobotshelweyo ngokufaneleyo ukuvusa iSodoma leGomora, futhi axolise ngokubatshisa.” Kunjalo, ngoba uNkulunkulu lokhe engolungileyo. Futhi lapho ukungalungi sekufike khona; ku—kufanele ubungcwele baKhe futhi leLizwi laKhe ukuthi Yena enze abantu bavune lokho abakuhlanyelayo, futhi kumele sikwenze lokhu.

⁵¹ Manje nanzelela babemtshiyile Yena, uMthombo wamanzi aphilayo, futhi babe zenzele ngokwabo amatanka.

⁵² Manje kungaba lomunye umuntu lapha ongeke azwisise ukuthi itanka lamanzi liyini. Itanka lamanzi kulitanka elenzwe ngabantu lelo elizama ukuthatha indawo yomthombo. Kuyinto omunye umuntu ayigebhayo. Futhi bangaki abaziyo ukuthi itanka lamanzi liyini? Kuhle. Kulungile, abantu abanengi bemakhaya lapha lokhu kusa. Ngakho baya. . . Ngiyakhumbula itanka lamanzi elidala endaweni, ukuthi lalikhangeleka njani, futhi ngangisesaba izikhathi zonke ukunatha kuleyo nto. Kwa ku—kulitanka lamanzi elenzwe ngabantu. Futhi alingeke lathenjwa. Awungeke uthembele etankeni.

⁵³ Manje lobayini leyo umuntu ayenzayo ngokujwayelekileyo kayikho nhle kangako. Kodwa njenge—njengeNkosi yabeka isikhathi eku—eku—ekubhodeni kwaso, futhi lomhlaba utshibilika; wonke umnyaka, sonke isikhathi siyachapha, insuku zonke, ihola lonke, futhi lelanga litshona, futhi kakuphuthi ngitsho. Kodwa inkomba langa ezinhle esingaba lazo, ziyaphutha imizuzu eminingi ngenyanga, kungela kuthandabuza. Kodwa, uyabona, yonke into uNkulunkulu ayenzayo iphelele, futhi lokho umuntu akwenzayo akuphelelanga. Ngakho kungani usamukela lokhu umuntu akwenzayo, lapho ungaba lokupheleleyo?

⁵⁴ Ngihlala ngikukhuluma lokhu mayelana ngathi abantu bamaPhentekhostali. Bona, siyakwazi, futhi kasikho—kasikho phandle kohlelo kusobala, lukaNkulunkulu, kasikholwa; kodwa siyazi njalo ukuthi phakathi kwethu silabantu abazama ukulingisela omunye umuntu. Lokho nje yibuntu. Bayazama ukukwenza lokho. Bakwenza khona eBhayibhiloni, “Omunye, ‘Ngingoka Phawuli,’ ‘NgingokaSilasi,’” futhi lokunjalo. Kodwa bona—bona bazama ukulingisela lokho omunye umuntu ake akwenza kumbe akwenzayo.

⁵⁵ Kodwa wamukelelani ukulingisela kwamanga, lapho izibhakabhaka zigcwele ngento eziqotho, lapho “isithembiso singesenu futhi lesabantwana benu”? Kungani sisamukela enye into eyayihlukile? Kungani sithatha isivumokholo kumbe imfundiso engaguqulwa, lapho iBhayibhili kuliLizwi likaNkulunkulu elingaxutshaniswanga? Kungani sizama ukungezelela kumbe ukuphungula kukho, lapho iNkosi uJesu yathi kuSambulo 22:18, “Lobangubani ozasusa iLizwi elilodwa kuLo, kumbe angezelele ilizwi elilodwa kuLo, ingxenye yakhe izakhutshwa eBhukwini leMpilo?”

⁵⁶ Lapho uNkulunkulu eqala ukubeka usendo lwabantu... emhlabeni, Yena wabatshela bona baphila ngeLizwi laKhe. Manje iLizwi likaNkulunkulu linje ngeketani, udlula esihogweni Ngalo; futhi iketani lalo liqine kuphela lapho elibuthakathaka khona, futhi uNkulunkulu ufuna sigcine lonke iLizwi laLo. Manje lokho kwaku ngokokuqala kweBhayibhili; ukwephula nje iLizwi elilodwa, kwangenisa usendo lwabantu ebunyameni bokufa.

⁵⁷ UJesu weza phakathi kweBhayibhili, futhi Yena wathi ukuthi, “Umuntu kayi kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngalo lonke iLizwi.” Hatshi nje ingxenye yaMazwi, kumbe amatshumi ayisifika munwe munye ekhulwini; kodwa iLizwi lonke, khona njengoEva loAdamu ababeyikho.

⁵⁸ Futhi ekucineni kweBhayibhili, iSambulo 22:18, Yena watsho ukuthi, “Loba ngubani ozasusa iLizwi phandle kwaloKhu, kumbe angezelele elilodwa ilizwi kuLo!”

⁵⁹ Ngakho kungani sidinga ukungenisa phakathi Lapha imibono yomunye umuntu ngezinto, lapho lokhu kunguMbono kaNkulunkulu ngoKwakhe mayelana ngakho? Sifuna ukuthatha lokhu Yena akutshoyo. Futhi lakho kulotshiwe, “Makuthi lonke ilizwi lomuntu libe ngamanga, futhi eLami libe liQiniso.”

⁶⁰ Yikho lokhu okwakuyindaba ngalumprofethi. Ezinsukwini zikaJeremiya, wayengumprofethi, wayeleLizwi leNkosi. Futhi lindoda yayizama ukungenisa enye into kuKho. Manje, angeke kwathenjwa. Futhi ngiyafanisela lawamatanka manje kulezinhlelo esizame ukuzithatha, futhi lokuthatha indawo yeLizwi likaNkulunkulu lakuqala.

⁶¹ Ngoba, kakula okungathatha indawo yaLo. KunguNkulunkulu. “Ekuqaleni kwakuliLizwi, futhi iLizwi lalikanye loNkulunkulu, futhi iLizwi lalinguNkulunkulu. Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama futhi lahlala phakathi kwethu.” Futhi amaHebheru 13:8, athi, “Yena ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Singakwesula sithini kuLokho? Kufanele kubeliQiniso. Yena uhleli engofanayo. Yena ungofanayo kukho konke ukwenza.

⁶² Yiso isizatho likukholisa Khona, lina maBaptisti lamaMethodisti, lamaKatolika lamaPresbyterian, lokunjalo,

likholisa loboBukho. Kwenye indawo, phakathi kuwe, umamukele uNkulunkulu. Mhlawumbe kwesinye isikhathi ngokuhlakanipha, mhlawumbe uwazwile aMandla kaNkulunkulu, futhi uyinceku kaNkulunkulu; kodwa lapho ungabuya khona kuNkulunkulu, futhi uqaphele indawo yakho kuYe, njengendodana kumbe indodakazi kaNkulunkulu, yikho lokhu okuletha lokhu kuthaba okukhulu kuwe, lokhu uNkulunkulu ayekubekile wena ukuba lakho.

⁶³ Manje siyananzelela kuMakho oNgcwele, isahluko 16, uJesu kazange athi, “Hambani lina kuwo wonke umhlaba, futhi—futhi—futhi lifundise.” Yena wathi, “Hambani litshumayele iVangeli.” Ukutshumayela iVangeli, kuyi, kutshengisa aMandla kaMoya oNgcwele! “Hambani lina kuwo wonke umhlaba, futhi litshengise aMandla akaMoya oNgcwele.”

⁶⁴ Ngikhuluma lomfowethu, omunye wabasekeli khona e... imihlangano yami eIndiya, eBombay le, phansi eSouth Africa futhi lendawo ezechukweneyo, lapho amamishinari babelifundise Lona njengelizwi kumbe njengenhlakanipho yengqondo. Kodwa ngolunye usuku emhlanganweni, lapho uMoya oNgcwele wehla phansi, Sibilisakhe, futhi wasindisa inkulungwane ezingamatshumi amathathu zabomdabu abagqoka ingubo ekubizelweni kwelathi kanye kuphela, futhi khona endaweni efanayo lapho ababemi khona. Abesifazana bemile lapho, ababengagqokanga phose njengalokhu ababeyikho lapho bebuya emhlabeni, futhi kuwona lowu umzuzu abaphakamisa izandla zabo ukwamukela uKhristu. . .

⁶⁵ Futhi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwendawo futhi wasilisa inkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu ngasikhathi sinye, basuka ezitulweni zamasondo, izihlalo zabalimeleyo futhi lemibhedeni yabagulayo. Umeya wedolobho wayelami, usuku olulandelayo, ekhangele kulezo nqwaba ezithwelwe ngamaveni ezinkulu ezigcweleyo zisehla phansi esitaladini.

⁶⁶ Bona abesifazana bemile khonapho, bengagqokanga, bengakwazi babengagqokanga. Kodwa khonapho uMoya oNgcwele ubatshaya bona, basonga ingalo zabo ukusuka kude phambi kwamadoda abo.

⁶⁷ Futhi ngiyamangala ukuthi njani thina eMelika sizibiza ngokwethu isizwe samaKhristu, futhi laseBukhoneni bukaNkulunkulu; futhi umnyaka ngamunye thina, abesifazana bethu, bahlubula okunengi. Futhi bekufanele ukuba bagqoke okunengi. Futhi uba usembatha ngobunengi uKhristu, yikho lapho lisiba lesazela ngobunengi ngezimo zenu. Kwesinye isikhathi ngiyabona indlela abantu abenza ngayo esitaladini, ngiyamangala ukuthi ingqondo zabo zisathatha kuhle sibili. Kukhangeleka njengokuthi kabananzeleli lokho lapho besenza lokho, ukuthi benzani, bazenza babe yisithiyo kudeveli, futhi

lokuthumela imiphefumulo esihogweni. Lokhu yikho. Kodwa umhlaba usekuboleni njengalokhu owawuyikho ensukwini zikaJeremiya.

⁶⁸ Manje sibuyele etankeni lamanzi. Manje, lelitanka lamanzi angeke lathenjwa ngoba angeke lizigcwalise ngokwalo. Futhi kufanele ukuthi lithembele izulu laleyo ndawo ukuligcwalisa, izulu lalapho kumbe imvuselelo yalapho, ukuba lemvuselelo encane *lapha* futhi lemvuselelo encane ngale *laphana*, kumbe okunjalo, ukuze ligcwaliswe. Ngakho alingeke lathenjwa. Angeke lizigcwalise. Ukungenelisi kwalo, lona uqobo. Angeke likwenze lona. Futhi kufanele lithembele izulu, ukuligcwalisa lona.

⁶⁹ Ngakho asinanzeleleni lapho e—elithola khona izulu lalo, lapho elithola khona amanzi alo, itanka lamanzi. Abuya evela phezu kwezibaya, amashedi, lapho yonke ingcekeza iphephethela uthuli phezulu lapho, kuyagezekela phakathi kwezulu, futhi kugezelele phakathi kwetanka, itanka elenzwe ngumuntu. Liba phose njenge chibi lengcekeza. Futhi kuyageza uphahla lwesibaya lapho zonke inyamazana, umnuko weguma lesibaya, futhi lokunjalo, futhi kuyehlela phansi. Futhi lomoya uyaphephulela u—uthuli futhi lezinto esibayeni, ngakho—ke izulu laleyo ndawo beselisiza lapho futhi lizegise, izulu, likususe khona.

⁷⁰ Njalo—ke amanzi athathwa ligatha elenzwe ngumuntu adlule ngomlomo wamanzi owenzwe ngumuntu, angene etankeni elenzwe ngumuntu. Futhi—ke lapho efika lapho, angcolile, angcole kakhulu ukuthi kufanele ufake ilembu lokusefa kukho, kumbe awungeke uwanathe wona. Manje, bona, kugeziswa kuvela ephahleni, ngegatha elenzwe ngumuntu, umlomo wamanzi oyenzwe ngumuntu, kungena etankeni elenziwe ngumuntu. Futhi—ke kanye lesefa enziwe ngumuntu khona ngaphezu kwayo, ukubona ukuthi ezinye izinanakazana futhi lezinto azingeni.

⁷¹ Manje, manje siyananzelela, kulezi, ngensuku ezinlutshwana emva amanzi esehleli lapho, phakathi kwaleyi eyenziwe ngumuntu inhlangu- . . . , kumbe, itanka. Lingixolele. Lingixolele. Kulungile. Emva kokuba—emva kokuba sekugezekile, inhlobo yonke yesayensi zokukhonza futhi lezinto sezigezelele phakathi kwakho; manje siyafumana, lapho kuhlala lapho insuku ezinlutshwana, ayama ukugeleza.

⁷² Futhi loba ngubani uyakwazi, embalini yebandla, lapho uNkulunkulu ethumela ulutho, umbiko, futhi kuba kutsha kuvela kuNkulunkulu, ngakho emva kwe—kwempilo yalo umsunguli (kumbe lobayini okungaba yikho, elimbiza yena umguquli, kumbe loba yini elifuna ukukutsho mayelana ngakho), emva kokufa kwakhe, bayasebenza uhlelo futhi basebenza inhlanganiso. Futhi besanda ukwenza inhlanganiso

ngalokho, kuhle kufe khonapho. Akuphindi kuvuke njalo. Kukwenzile khona ngakuso sonke isikhathi, emuva, kufike emuva-muva.

⁷³ Ekupheni inhlonipho kulumpristi weKatolika ohleli lapha; lapho uNkulunkulu ehlela ibandla . . . kumbe, hatshi ukulihlela, uNkulunkulu akaze ahlele ibandla. Yena akekho kulolo hlobo lomsebenzi. Yena usekuzalweni, hatshi enhlanganisweni. Ngakho, lapho uNkulunkulu eqala ibandla khona ngoSuku kwePentekhosti. Futhi-ke ekucineni khonale eNicaea, Rome, balihlela khona, futhi kulapho elalahlekelwa khona ngaMandla alo.

⁷⁴ Ngakho-ke siyabuya phansi enguqulweni yamaLuthela, futhi khona kwakuyinto enkulu. ILizwi likaNkulunkulu lanikezwa, “Abalungileyo bazaphila ngokukholwa.” Futhi bathi bekwenzile, kulokuthi bathathe, konke ndawonye, bonke babo ndawonye futhi behamba beqhubeke, benza ibandla lamaLuthela, bezahlukanisa kuleliqembu, njalo-ke kwafa.

⁷⁵ Ngakho uNkulunkulu wavusa uJohn Wesley, kanye lokungcweliswa, umbiko womsebenzi wesibili womusa, futhi kwakuyinto emangalisayo. Kodwa emva kukaWesley loAsbury, balenza inhlanganiso, lafa.

⁷⁶ Ngakho kwasokusiza amaPhentekhosti kanye lokubuyiselwa kweziphu. Babesenza kuhle, kuyini okwenzakalayo? Bakwenza inhlanganiso khona futhi khona kwafa. Khona sibili.

⁷⁷ Manje phakathi kwakho konke lokhu, uNkulunkulu ulokhe ebiza insali kuzo zonke lezo zizukulwane. Yena uyakwenza sibili. Futhi yisikhathi sethu sokuphumela phandle, sokubuthana ndawonye. Futhi lokhu yikho engikucabangayo, oSomaBhizimisi beFull Gospel babambe isigaba esikhulu ekudilizeleni phansi imiduli leyo, futhi besithi lokhu, “Akula mehluko phakathi kwethu. Asibuyeni ndawonye futhi sikhonze uNkulunkulu ngaphansi kwesimiso esisodwa, hatshi ngaphansi kwenhlanganiso.” Nxa khona kwakuyi nhlanganiso, bengizasuka kuleplatifomu khona manje. Kangilani okokwenza kanye lakho.

⁷⁸ Okuyikho khona, kufanele kube yibudlelwano, futhi hatshi ubudlelwano besivumankolo, kodwa ubudlelwano kuKhristu, ngamandla okuvuka kwaKhe. Yiyo into eletha iPilo, iletha ukuzalwa.

⁷⁹ Futhi ngaphambi kokuba ukuzalwa kubuye, siyananzelela kumele kube lokufa kungakabi lokuzalwa. Futhi ukuzalwa kumahlikilili, kangilandaba kuluhlobo bani lokuzalwa okuyilo. Nxa kusesibayeni sengulube, kumbe—kumbe lobangaphi okukhona, kumahlikilili. Futhi kunjalo ngoZalo olutsha, luyakwenza wenze izinto lezo obungeke ngokuvamileyo ucabange ukuthi ungazenza. Kodwa lapho usulungele ukufa

utshiye lokho oyikhokhona, ngakho-ke uzalwe kakutsha, isidalwa esitsha kuKhristu Jesu, ngakho-ke lezinto, ziyavuleka futhi impilo iba ngumbono omutsha kuwe, ngoba usuwamukele uMuntu kaJesu Khristu, futhi hatshi okwemicabango yabantu kumbe okunye okwesivumankolo.

⁸⁰ Kumbe, loba laseLizwini elilotshiweyo, Kufanele kuphiliswe nguMoya oNgcwele. Kungelandaba ulesayensi yezokukhonza enganani, kulele lapho kufile. Ngingaba lengqoloyi egcwele isandla; ngaphandle ize ingene ehlelweni lapho engaphiliswa khona, ingqoloyi kayisoze iphile. Futhi ungaba leDigri lobudokotela, Ph., LL., lobayini okufisayo; kodwa ngaphandle kokuthi uMoya oNgcwele abuye phezu kwalokho futhi akuphilise khona kuwe, njengesenzakalo sakho ngokwakho kanye loNkulunkulu, khona-ke ingqoloyi kayenzi kuhle. Ukufunda kwakho kuyize.

⁸¹ Njenga lindoda yoMlungu yathi ngobunye ubusuku lapha, ngamangala kakhulu kulokhu. Konke ukufunda ayelakho, njengoPhawuli, wayemele akhohlwe konke ayekwazi, ukuze afumane uKhristu, enze izinto lezo yena ayecabanga ukuthi wayengeke azenze.

⁸² Kodwa yiyo indlela uNkulunkulu ayenza ngayo, Yena uyasiyangisa ezinhlelweni zethu zokufunda. Hatshi njengokuthi ngizama ukusekela ukungafundi, kodwa ngizama ukulitshela umahluko. Imfundo ayingeke ilethe iPpilo. Kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukuletha iPpilo, futhi leyoMpilo akufanelanga iphume nje emvuselelweni yenhlakanipho. Kufanele iphume eBhayibhilini, imvuselelo yeLizwi, futhi iLizwi lelo lingelifanayo izolo, lamuhla, lanininini. Futhi lapho lisehla lamuhla, futhi liphilise, uyathola impumela efanayo owayenzayo kuMsebenzi 2. Khona kanye. Kuhlezi kunjalo izikhathi zonke, futhi kuzahlala kunjalo izikhathi zonke, ngoba kunguMoya kaNkulunkulu olungiselela umumo.

⁸³ Kuthatha umumo ukwenza izinto. Yiso isizatho lina madoda lifundiswa izikhathi zonke, “Lethani abantwana benu lapha.” Awu, sibili lokhu yikho. Ngathokoza ukubona indodakazi yami, uRebekah, engena phakathi futhi ehlala phansi, imizuzu emilutshwana edluleyo. Abanye benu lingibonile ngicwayizela owesifazana, bekuyindodakazi yami, ngakho-ke wangena phakathi futhi wahlala phansi. Ngifuna ukuthi yena emukele ubhaphathizo lukaMoya, futhi yiso isizatho yena elapha emhlanganweni. Yikho okuyinjongo yawo. Kuthatha umumo.

⁸⁴ Njengo Dokotela Bosworth omdala wayejwayele ukuthi, “Ungathatha iqanda lesikhukhukazi futhi ulifake ngaphansi komdlwane, kuzacacada inkukhu.” Ngani? Ngoba kuliqanda futhi kuthole umumo oyiwo.

⁸⁵ Angila ndaba nxa unguMethodisti, Baptisti, Presbyterian; emumeni oyiwo, kuzacacada umntwana ozelwe kutsha

kaNkulunkulu. Kungumumo okwenzayo khona, kungelandaba yiliphi itikiti lenhlanganiso yesonto olalo.

⁸⁶ Ngangivame ukwelusa inkomo. Ngananzelela umgcini pulazi lapho sizihambisa egangeni, phandle kwe—phandle kwendawo ezazidlela khona emapulazini, futhi sizifake egangeni. Yena wayesima lapho akhangele lapho zidlula esangweni, ethangweni lomngcele. Wayengakhathali kangako ngemitshiso, ngoba kwakulayo yonke inhlobo yemitshiso eyayidlula lapho. Kodwa kulento eyodwa ayeyinanzelela, icence legazi. Kwakufanele ibe luhlobo lweHereford ngokuzalwa kumbe yayingeke ingene kulelo hlathi, ngoba yiHereford Association leyo edlisa kulelo hlathi. Kufanele ibe lecence legazi, ukugcina uhlobo lwembewu kuhle.

⁸⁷ Futhi ngicabanga ukuthi yiyo indlela ezakuba yiyo ngoSuku loKwahlulela. Yena akayi kungibuza uba ngingu'Methodisti, Baptisti, Pentekhostal, kumbe Presbyterian, kodwa Yena uzakhangele icence leGazi. "Lapho ngibona iGazi ngizakwedlula." Yiyona into.

⁸⁸ Ngakho siyafumana ukuthi lawamatanka amanzi, emva kokuhlala lapho okwesikhatshana, ayaba . . . ayabola futhi wona angabesabamahle. Futhi kube sokusiba-ke, futhi, kuba likhaya lamaxoxo lemipankwa lezinyoka lezinanakazana lamagciwane, futhi lani okunye, ngoba yisimo sokubola esifuqelwa kulo. Ungacabanga, kugezwa ophahleni lwesibaya, kumbe phezu kwendlu eduzane lesibaya, kumbe loba ngaphi ingcekeza engabe ikhona, inhlobo bani yezinanakazane futhi lamagciwane, lakho konke, okugelezela kulelo tanka lamanzi?

⁸⁹ Manje, kungumzekeliso opheleleyo waloba yiluphi uhlobo lwenhlelo enziwe ngumuntu. Yena uyisehluleki, kwasekuqaleni. Yiso isizatho efuna uMsindisi. Wayengeke azisindise ngokwakhe, yena angeke enze ulutho ngakho. Yena ulahlekile, kwasekuqaleni. Yena uzelwe emhlabeni, egcwele isono, uza emhlabeni ekhuluma amanga. Yena ungumqambi manga, okokuqala, ngakho angazenzela kanjani lobayini ngokwakhe? Angakwenza njani umuntu ongcewele?

⁹⁰ Akula muntu ongcewele. Akula bandla elingcewele. KunguMoya oNgcewele! Hatshi ibandla elingcewele, abantu abangcewele; kunguMoya oNgcewele phakathi kwabantu, yikho lokhu okuyikho. Amen. Hatshi intaba engcewele lapho uPhetro labanye bama; intaba yayingekho ngcewele. Kodwa kunguNkulunkulu ongcewele, osentabeni, leyo owayenza yaba ngcewele. Hatshi umuntu ongcewele; kunguMoya oNgcewele usetshenziswa kulowo muntu, okuyikho okwenza abangcewele. Hatshi umuntu; kodwa uMuntu kaMoya oNgcewele! Kacusuye umuntu; ngoba, yena ungumuntu nje, "zalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, wabuya emhlabeni ekhuluma amanga."

⁹¹ Loba yiluphi uhlelo olwenziwe ngumuntu luyamgcina kulokho. Yena uyaphumphethekisa linto kwabakhaliphileyo, amehlo akhaliphileyo, lokho abakucabangayo, “Ngingo webandla, ibizo lami lisebhukwini. Ngenze *lokhu*. Ubaba wami wayeyi*lokhu*, futhi lokunjalo.” Lokhu kuzwakala kukuhle; okuyikuthi, kunjalo, akulalutho lokuphikisana lakho. Kodwa lobakunjalo, mngane, uJesu wathi, “Ngaphandle umuntu azalwe kakutsha, angeke abone ngitsho,” *ukubona*, lapho, akutsho ukuthi uyabona ngamehlo akhe, kodwa, “*uyazwisisa* uMbuso weZulu.” Uze uzalelwe phakathi!

⁹² Ubengakwenza njani lumvangeli womBaptisti, yayingakwenza njani leyondonda eyema lapho futhi yacothoza futhi yenza inhlekisa ngaKho? Bona, akula lutho phakathi kwakhe olungakwamukela Khona; kodwa uNkulunkulu wayefanele akwenze khona, bona. UNkulunkulu wamupha uMoya oNgcwele. Yena watshengisa ukuthi lokhu kwakungayisikho ukuzenzisa, leli yiLizwi. Yena ulizwa kuphela ngomkhumbulo wesikolo, futhi bayazama ukuthatha zonke i-izibusiso zikaNkulunkulu futhi bazibeke osukwini olwedlulayo.

⁹³ Umtshumayeli omcane weBaptisti, lapha kungasikude, ohleziyo khonamanje lapha lokhu kusa; futhi wabuya kimi, futhi yena wathi, “Mfowethu Branham, kulento eyodwa oyenzayo engalunganga.”

Ngathi, “Akungisize.”

⁹⁴ Futhi yena wathi, “Wena, ngicabanga wena uqinisekile futhi ngumuntu olungileyo, kodwa . . .”

Ngathi, “Ngiyabonga, mnumzana.”

Wathi, “Kodwa kulento eyodwa oyenza kubi.”

Ngathi, “Ngithemba iNkosi nje izathola into eyodwa embi.”

⁹⁵ Futhi wathi, “Awu, kule . . . Lokhu yikho okwenzayo okubi.”

Wathi, “Uzama ukungenisa emhlabeni intshumayelo yesipostoli, futhi,” wathi, “intshumayelo yesipostoli yacina ngabapostoli.”

⁹⁶ Ngathi, “NjengomBaptisti kumBaptisti, ngizathanda ukukubuzisa umbuzo.”

Wathi, “Ini?”

⁹⁷ Ngathi, “Uyakholwa iLizwi likaNkulunkulu liphefumulelwe, ingxenye inye layinye yaLo?”

Wathi, “Ngani, isibili.”

⁹⁸ Ngathi, “Ngakho-ke, Yena wathi, ‘Ungangezeleli ilizwi elilodwa, kumbe ukhuphe eliLodwa.’ Ngoba,” Ngasengisithi-ke, “Ngizakutshengisa lapho iSibusiso sabapostoli esabuya khona ebantwini, ngesithembiso sikaNkulunkulu, manje wena ungitshengise lapho isithembiso sika Nkulunkulu futhi lalapho esasuka khona ebantwini. Bona, nxa ungeke ukulethe lokhu

eLizwini, ngakho-ke—ngakho-ke khohlwa mayelana ngakho, bona,” Ngathi, “ngoba Silokhe siqhubekela phambili.”

⁹⁹ Yena kazange watsho ulutho okwemizuzu emilutshwane. Futhi ngasengisithi, “Awu, manje-ke, mfowethu, ngizathanda ukukubuzela lokhu. UPhetro wangenisa umbiko wesipostoli, ngoSuku lwePhentekhosti. Futhi siyakwazi sonke lokhu kuliqiniso, ngoba yena wayelezihluthulelo zoMbuso, lezo uJesu ayemnikeze zona. Futhi manje khangela lokhu yena akutshoyo. Yena wathi, ‘Phendukani, wonke munye wenu, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu ekuthethelelweni kwezono, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele. Ngoba isithembiso ngesenu, lakubantwana benu, futhi lakubo bonke abakude, labobonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezakubabiza.’ Ngakho-ke nxa kulendawo lapho Yena akususa khona, ngakho kuyini okwenzakala emazwini kaPhetro ngoSuku lwePhentekhosti?” Bona? Hatshi, akuzange kuphele!

Wundlu elifayo elithandekayo, Gazi laKho
eliligugu
Kalisoze lalahlekelwa ngaMandla alo,
Kuzekuthi lonke iBandla likaNkulunkulu
elihlengiweyo
Lisindiswe, lingabe lisona njalo.

Manje-ke ngehloniphekayo, ingoma emnandi,
Ngizahlabela aMandla aKho okusindisa,
Lapho lolulimi olukhuluma ngokunyeneza,
langokugagasa
Luyalala luthule ethuneni.

¹⁰⁰ Nkulunkulu ngisize ngikukholwe loKhu futhi ngibambebele kuKho, njalo sonke thina, futhi sime ngaKho, ngoba kuliQiniso leVangeli! Yebo, mnumzana.

¹⁰¹ Umuntu ohlakaniphileyo akufanelanga akhangele lezizinto. Futhi esazi ukuthi aziyi kusebenza. Kazikaze zisebenze. Inkolo ehleliweyo futhi lesenzakalo esihleliweyo asisoze sisebenze eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kufanele kubuye, kungaxutshaniswanga, kuvela kuNkulunkulu. Kakukaze kusetshenziswe nguNkulunkulu, akula sikhathi esedlulayo leso uNkulunkulu owake wasebenzisa inhlelo enjalo. Manje wena, o, uyathola amalunga futhi lezinto ezinjengalokhu. Kodwa ngitsho imbewu kaNkulunkulu eqotho, iSibusiso esinjengaleso esehla oSukwini lwePhentekosti, kasibuyi ngehlanganiso; sibuya ngokuzalwa, ukuzalwa kutsha.

¹⁰² Siyanxuswa ukuthatha uIsrael abe—abe ngumzekeliso, lowo ababeyiwo. Nanzelela, “Bamtshiyile Yena, umthombo wabo ophiweyo, futhi bazakhela ngokwabo wona amatanka amanzi.” Ungakucabanga i—i—i—into, lapho umuntu esemthonjeni ompompozayo, enatha, futhi-ke ebese funa ukuzenzela yena itanka lamanzi, bona, ukunatha kulo? Manje ke

yikho umprofethi akutshoyo, lokhu iLizwi likaNkulunkulu elakutshoyo. Yikho lokhu uNkulunkulu akutshoyo kumprofethi. “Lingitshiyile Mina futhi—futhi langitshiya Mina, uMthombo wamanzi aphilayo; futhi lazakhela ngokwenu amatanka amanzi, lawo avuzayo, futhi ayavuzwa wona.”

¹⁰³ Bona, enye into, babefuna enye into abangayi busa, kumbe ukutshengisa lokhu bona ababekwenzile. Yilo i—yilo iphutha lenkolo yenhlanganiso. Ihlezi izama kokuphela, kufanele babelenye into kukho ngokwabo. Kufanele babe lazo zonke lezi nhlelo futhi lemiphakathi, futhi lezinto, “Futhi mina ngingowalokhu manje.” Kulokuba ngabantwana abazehlisileyo bakaNkulunkulu, bafuna into bona abangayitshengisa ngokwabo. Kulokuthi batshiye uNkulunkulu akwenze khona ngendlela yaKhe, babefuna ukukwenza ngendlela yabo. Futhi yiyo indlela inhlelo esibambe ibandla lamuhla. Hatshi... Inhlelo ngayinye, omunye ukufuna *ngalindlela*, omunye ukufuna *ngaleyana* indlela. Nxa unguMethodisti, kumele kube *ngalindlela*. UmBaptisti, *lindlela*. UmPresbyterian, umKatolika, loba yini njalo, balenhlelo zabo. Akula lutho olumelana lalokho, kodwa lokhu kayisikho engikhuluma mayelana ngakho.

¹⁰⁴ Umuntu ufuna indlela yakhe yokwenza ngayo, futhi uNkulunkulu ulendlela yaKhe yokwenza ngayo. Futhi Yena wathi, “Libambele kweyenu indlela, itanka lamanzi elivuzayo; futhi lingayivumi indlela Yami, indlela yeMpilo.”

